


UKUVUMELANISWA KWEMITHETHO YEMBEWU YASE-AFRIKA NGE-SADC NE-COMESA



Ukuuumelaniswa kwemithetho yembewu kusho ukuthi wonke amazwe aleyo ndawo azosebenzisa izinhlelo ezikhishiwe ezinhlobonhlo ezifanayo, ukugunyazwa kwembewu okufanayo nezindlela zokuhlola ezifanayo, nezikali ezifanayo zokuhlukanisa nezempi lo yesitshalo ekukhiqizweni kwembewu nokusabalalisa. Kuzoba khona *Uhlu Lwembewu Yesifundazwe* olulodwa noma *Ibhukwana Lwembewu Yesifundazwe* enikeza imininingwane yezinhllobonhlo zembewu ezigunyazwe ezingeni lesifunda igunya lokwenza izinqumo eliyinhloko. Lokhu kusho ukuthi, uma kugunyazwe Ohlwini Lwembewu Yesifundazwe, izinhlobonhlo zembewu ezikhululwayo futhi zihlolwe izinkathi zonyaka ezimbili kuphela ezweni elilodwa zingakwazi ukukhiqizwa futhi kuhwetshwe ngazo kuzo wonke amanye amazwe akuleyo ndawo.

Ukuuumelaniswa kwemithetho yembewu e-Afrika kulawulwa imiphakathi yezomnotho yesifundazwe (ama-REC). Izinhlelo zokulawulwa kwembewu evumelanisiwe ye-Southern African Development Community (I-SADC) isebeenza emazweni **angu-15** angamalunga, kuyilapho i-Common Market for Eastern and Southern Africa (I-COMESA) ilawula ukuhweba kwembewu okuuuumelanisiwe kwamazwe **angu-19** angamalunga. Amazwe ngamanye aphoqelekile ukuthi abuyekeze imithetho yawo yembewu ukuze ihambisane nenqubo yokuuumelanisa yesifundazwe. Lokhu kusho ukuthi izinhlelo zokulawulwa yesifundazwe izoba negunya elengeziwe kunohulumeni wezwe ngokupathelene nokuthi yiziphi izinhlobonhlo zembewu ezingakwazi ukukhululwa esifundazweni.

Uuumelanisa kuhlose ukungusa ukuhweba kwembewu esifundazweni kanye nendima yezinkampani ezizimele zembewu ekukhiqizweni kwembewu nokusabalalisa emazweni ambalwa. Lokhu kuzokwakha izimakethe zembewu ezinkulu zalezo zinkampani.

